INKULUMO YESABELOMALI ESIBUYEKEZIWE SIKA 2019/20

YETHULWA NGUMHLONISHWA
UMNUZ. RAVIGASEN RANGANATHAN PILLAY, MPL
UMPHATHISWA WEZEZIMALI

Inkulumo yeSabelomali eyethulwe nguMphathiswa wezeziMali, uMhlonishwa uMnuz. R. R. Pillay, yethulwe mhla ka 26 Novemba 2019:
iSabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20

ISBN No.: 1-920041-53-2

Uma udinga amakhophi alo mbhalo, sicela uxhumane no:

Provincial Treasury
5th Floor
Treasury House
145 Chief Albert Luthuli Road
Pietermaritzburg
3201

P.O. Box 3613
Pietermaritzburg
3200

Tel: +27 (0) 33 – 897 4310
Fax: +27 (0) 33 – 897 4617

Inkulumo yeSabelomali eyethulwe nguMphathiswa wezeziMali, uMhlonishwa uMnuz. R. R. Pillay, yethulwe mhla ka 26 Novemba 2019:
iSabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20

ISIFUNDAZWE IKWAZULU-NATAL

INkulumo kaMhlonishwa uMnuz. Ravigasen Ranganathan Pillay, MPL
uMphathiswa wezeziMali

yeSabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20

26 Novemba 2019

Somlomo oHloniphekile
MaLungu aHloniphekile
ZiNhloko zemiNyango
BaPhathi abaKhulu beziMali
Nhloko yaMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe nabaSebenzi abakhona
Baholi bezamabhizinisi, bezemfundo, bezenkolo nabomphakathi
Abamaziko abezindaba
BaFowethu noDadewethu
Bozakwethu nabangani

A. ISIMO SOMNOTHO NGOKUBANZI NOMTHELELA KWEZEMALI

Isingeniso

Sethula lesi sabelo esibuyekeziwe sokuqala ehlandleni lokubusa lesithupha ngesikhathi izwe lethu libhekene nezimo ezahlukene. Kukhona ukuvuseleleka kokuzethemba ezweni njengoba sibona kukhula ukungena kotshalomali olusha. Kule ngqungquthela yokugcina yotshalomali, sithole ukuzibophezela kokutshalwa kwezimali okufika ku R363 billion, okungaphezulu ngo R63 billion kunalokho esakuthola engqungqutheleni ka 2018.

Ngakolunye uhlangothi, uNgqongqoshe oHloniphekile wezeziMali, uTito Mboweni wethule isitatimende sakhe sezimali saphakathi nonyaka i-Medium Term Budget Policy Statement (MTBPS) ngenyanga eyedlule kanti lokhu kubeke esimbi isithombe lesi. Akungabazeki ukuthi sibhekene nezikhathi ezinzima zezomnotho. UNgqongqoshe uMboweni waveza enkulumweni yakhe ukuthi ingcindezi kwezokuhweba nokungabibikho kwesiqiniseko ngeBrexit cishe kuzodala ukukhula okuncane eminothweni esimeme, njengoba i-International Monetary Fund iqagule ukuthi le ngcindezi yehlise ukukhula komnotho emhlabeni wonke ngo 0.8%. Waphinde wathi ukukhula komnotho eNingizimu Afrika bekulokhu kumi ndawonye kulo nyaka nokuthi ukukhula komnotho wethu kuqagulwe kabusha ukuthi kwehle kwafika ku 0.5% uma kuqhathaniswa no 1.5% owawuqagulwe ngaphambilini.

Kulindeleke ushodi ekuqoqweni kwengenisomali kazwelonke olinganiselwa ku R53 billion kanti nesimo sezimali sintenge kakhulu kusukela mhla kwethulwa isabelomali esikhulu, ikakhulukazi ngenxa yokuntenga kokukhula komnotho nengenisomali ephansi. Lokhu kube nomthelela omkhulu kushodi wesabelomali sethu sonke. Zonke lezi zinkomba zinomthelela

ekwabiweni kwemali kuwo womathathu amazinga kahulumeni. UNgqongqoshe uMboweni wachaza ngezinqumo ezinzima okumele zithathwe kanti lezo zinqumo zizomenyezwalwa ngeSabelomali sika 2020, kepha waveza ukuthi ukusetshenziswa kwezimali kuzomele kuncishiswe.

Uhulumeni uphakamise izindlela zokukhulisa umnotho wethu, sizibophezele ukunciphisa ushodi nokuphucula indlela esisebenzisa ngayo imali yethu. Uma sibambisana manje, sizoba namandla amakhulu ngomuso.

Ukusebenza komnotho – iSimo saKwaZulu-Natal

Kusemqoka ukuba sigxile ezindleleni zokuphucula ukusebenza komnotho kuyo yonke imikhakha ukuze kuncishiswe ukuswelakala komsebenzi, ububha nokungalingani. Lesi sifundazwe sesakhe izindlela eziningi zokusiza kulo mshikashika.

Izindlela ezithathwe uhulumeni wesifundazwe zibala umshikashika oholwa nguNdunankulu oHloniphekile, uMnuz. Sihle Zikalala, wokuheha utshalomali KwaZulu-Natal. Lo mshikashika usuqalile ukuthela izithelo njengoba sisanda kwethula ngokusemthethweni imboni entsha sha ekhiqiza ama-smartphone, ebizwa ngeMara Phone Factory, eDube TradePort. Le ndawo yavulwa ngokusemthethweni ngenyanga eyedlule, kanti ikwazi ukukhiqiza amafoni angu 1.2 million ngonyaka.

Le mboni izoqasha ngqo amakhulu abantu iphinde ivule amathuba emisebenzi eyehlukene ayizigidi. Kanti kuzoqashwa abantu besifazane abawu 60%, bese kuthi abasebenzi abawu 90% kube yintsha.

Sesisondele ekuqaliseni intuthuko eyakhele isikhumulo sezindiza iKing Shaka Airport. IDurban Aerotropolis Masterplan isanda kwembulwa kanti i-Aerotropolis Institute of Africa nayo seyethuliwe.

Le ntuthuko eqhutshwa wutshalomali angeke igcine eThekwini kuphela njengoba ikhona nenye ithuthuko eqhubeka kwezinye izingxenye zesifundazwe. Okunye okuyisibonelo salokhu nje utshalomali luka R6.5 billion lokunweba umsebenzi wezimbiwa phansi eRichards Bay Minerals (RBM), eRichards Bay. Kamuva-nje iRio Tinto, okuyinkampani engaphansi kuka RBM yenze isivumelwano nezinhlaka ezine zomphakathi ngalokhu kwavuleka indlela yokunweba lenkampani ngezigidigidi zamaRandi.

NgasoGwini oluseNingizimu, inkampani ekhiqiza amaphepha nempahla yokupakisha uSappi ifake imali engaphezu kuka R7.7 billion ukunweba ifemu yayo iSappi Saiccor Mill eMkhomazi, utshalomali olufanele oselwakhe inqwaba yemisebenzi.

Eminye imizamo eholwa uhulumeni ifaka, phakathi kokunye, ukusungulwa kweKZN Youth Empowerment Fund, Operation Vula kanye nomshikashika wethu wokuqinisekisa ukuthi isabelomali sengqalasizinda sisetshenziswa ngokugcwele eminyangweni (ikakhulukazi eminyanweni yethu edinga ingqalasizida enkulu).

Indlela entsha yokuthuthukisa izifunda iDistrict Development Model yethulwa ngokusemthethweni nguMongameli weZwe uRamaphosa KwaZulu-Natal ngenyanga eyedlule. Le ndlela igxile ekuhleleni nasekuhlinzekeni ngezidingo okuhambisanayo phakathi kwamazinga womathathu kahulumeni ukuze kugwemeke izinkinga zokusebenza ngayedwana. Lokhu kuzoqinisekisa ukuhlinzekwa kwezidingo kangcono kuwo wonke amazinga kahulumeni, nokuzoholela esimweni esivumela ukutshalwa kwezimali, okuzokhulisa umnotho, ukwakheka kwamathuba emisebenzi, ukuncipha kobubha nokungalingani.

Uhlelo lwe-Operation Khawuleza nalo luneqhaza okumele lulubambe ukuheha utshalomali esifundazweni sethu. Le phrojekthi, eholwa nguzakwethu uMphathiswa wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zobuHoli boMdabu (COGTA), uMnuz. Sipho Hlomuka, uhlelo lokungenelela olungakaze lubonakale oluhlose ukucijisa omasipala ukuba babhekane nezinselelo zokuhlinzeka ngezidingo esezenganyelwe yifu leziteleka ezinodlame emiphakathini. Lokhu kubala ukukhishwa kwemishini efana nogandaganda, amaloli okuqoqa udoti, amarola nokunye okufuze lokhu komasipala ukuze bakwazi ukuhlinzeka ngezidingo emiphakathini yethu. Ukusetshenziswa kwale mishini kuzokwaluswa nguCOGTA njalo ngenyanga.

Uhlelo lwethu lokuvusa umnotho luminxaminingi. Lweyame kulokhu okulandelayo:

a) Uhlelo oluqinile lokuzibamba ukuze kuliwe noshodi kanye nezikweletu.
b) Imizamo emisha nebonakalayo yokwakha uhulumeni oziphethe kahle futhi osebenza kahle.
c) Ukusheshisa ukuhehwa kotshalomali olusha, lwamazwe angaphandle nolwangaphakathi njengoba kubekiwe ngenhla.
d) Ukuqinisa ubudlelwano phakathi kukahulumeni, amabhizinisi, abasebenzi nezinhlangano zomphakathi ezihlanganisa imiphakathi yethu sikhulise nokuthembeka kukahulumeni.

B. UKUBUYEKEZWA OKUHLONGOZWAYO KWESABELOMALI SIKA 2019/20

Isigaba 31 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni (PFMA), sibeka ukuthi izifundazwe kumele zethule iSabelomali esiBuyekeziwe njalo ngonyaka. Lokhu kumele kwenzeke ezinsukwini ezingamashumi amathathu kusukela osukwini okwethulwa ngaso iSabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke. Ngakho-ke, ngethula iSabelomali esiBuyekeziwe esiShayamthetho namuhla emva kokuba izilinganiso ezibuyekeziwe zikazwelonke zethuliwe mhla ka 30 Okthoba 2019.

Isigaba 31 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni kanye noMthethonqubo kaMgacinimafa 6.3 kuya ku 6.6 ziyasho ukuthi yini okumele ifakwe uma kwenziwa iSabelo esiBuyekeziwe, kanti lokhu kwesekwa nangamasekhula kaMgcinimafa kaZwelonke.

Ezimweni lapho kudingeka ukuba isiShayamthetho siphasise okuthile maqondana nokubuyekezwa kweVoti ethile, lokhu kubhalwe phezu komubala ogreyi ezilinganisweni zesabelomali esibuyekeziwe engisethula namuhla kanti amaLungu aHloniphekile ayanxuswa ukuba akufunde lokhu.

Ukukhokhelwa kweSabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20

UMgcinimafa wesiFundazwe ubamba imihlangano neminyango kanye nezinhlaka zikahulumeni ezehlukene ezikhathini ezehlukene unyaka wonke ukuhlola indlela okusetshenziswa ngayo imali phakathi nonyaka, kanjalo nangenhloso yokubonisana ngezinto ezifaka ingcindezi ekusebenzeni kwezimali eziqubuke emva kokuba kwethulwe iSabelomali esiKhulu. Yonke iminyango nezinhlaka zikahulumeni kwaxhunyanawa nazo kabanzi ngesikhathi kwenziwa lesi Sabelomali esiBuyekeziwe, kanti umphumela walokhu kuxhumana wethulwa eKomidini labaPhathiswa leSabelomali (MinComBud) kanjalo nasesiGungwini esiKhulu sesiFundazwe (PEC) abaphasisa ukudluiliselwa phambili, ukwabiwa nokwengezwa kwezimali kanjalo nokumiswa kwezimali, imininingwane yakho engizoyichaza kafushane nje.

Kuyintokozo ukumemezela ukuthi isifundazwe siyaqhubeka nokuba nemali engukheshe ekhona njengoba bekuvele kunjalo kusukela ngoMeyi ka 2010. Siyaqhubeka nokwalusa ngeso lokhozi imali esele ebhange, ingcindezi yokusetshenziswa kwemali phakathi nonyaka okuhlonzwe yiminyango, kanjalo nokutholeba izindlela zokunciphisa izindleko. Zonke lezi zinto ziholele ekutheni isifundazwe sivale unyaka owedlule sinemali ekhona esikhwameni saso kanti lokhu kungumthombo omkhulu wezabelo ezenziwe kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe.

Ngizonichazela ngokwabiwa kwemali eyengeziwe, ukuphasiswa kokwedluliselwa phambili kwezimali (ezabiwe ngokulingana neziyizibonelelo), ukuhamba kwezimali phakathi kweminyango, kanjalo nokumiswa kwezimali kwisabelomali seminyango emibili kulo nyaka ukuze zibuyiselwe kuyo esikhathini esizayo.

iThebhula 1 linanyathiselwe njengesithasiselo kule nkulumo futhi lihlinzeka ngesibuyekezo esethulwa namuhla. Leli thebhula libheka izimali ezikhona esifundazweni, ukuthi zitholakala kanjani nokuthi zabiwa kanjani. Ithebhula kepha alibheki izimali ezengeziwe ezabelwe isiFundazwe ngeSabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke kepha lokhu kuzochazwa kabanzi ngesikhathi ngiqhubeka nenkulumo yami.

Umugqa 1 – 8 kuThebhula 1 uchaza ukuthi iSabelomali esiBuyekeziwe sika 2018/19 asisebenzanga sonke, kwasala uR1.6 billion nokuthi iNgenisomali yesiFundazwe yaqoqwa ngokweqile ngo R312.7 million. Lokhu, kanye nemali eyevile kweyayihlelelwe engu R281.5 million onyakeni ka 2018/19 kanye nokunye ukubuyekeza okwenzeka, kwenza ukuba isifundazwe sivale unyaka wezimali ka 2018/19 kunemali engu **R2.2 billion**, njengoba kukhonjisiwe **eMgqeni 9** kanti yizo lezi zimali ezisetshenziswe ukukhokhela iSabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20.

Ukudluliselwa onyakeni olandelayo kweSibonelelo esinemiBandela

Enye ingxenye yale mali eyevile iqondene nemali engasabenzanga yoxhaso lwesibonelelo esinemibandela. Imali yesibonelelo esinemibandela engasebenzanga kumele ibuyiselwe esikhwameni sezimali sikazwelonke, ngaphandle uma kugunyaziwe ukudluliselwa kwaso onyakeni olandelayo, ngokwesiGaba 22 soMthetho oLawula ukwaBiwa kweNgenisomali. Ngakho-ke, **uMugqa 10** ukhombisa ukuthi u**R186.5 million** wagunyazwa nguMgcinimafa kaZwelonke, emva kokucwaningwa kwezibalo, ukuba wedluliselwe ezindlekweni zika 2019/20. Lena akuyona imali “entsha” esifundazweni njengoba le mali vele isisesiKhwameni seNgenisomalo yesiFundazwe. Ukugunyazwa kokwedluliselwa kwezimali onyakeni olandelayo kusho ukuthi lezi zimali zingasetshenziswa ukukhokhela okunye ukuzibophezela okwenziwe onyakeni owedlule. Ukugunyazwa kokwedluliselwa kwezimali onyakeni olandelayo yilokhu okulandelayo:

- Comprehensive Agricultural Support Programme (CASP) grant – R68.3 million
- Ilima/Letsema Projects grant – R26.4 million
- Land Care grant – R2.7 million
- HIV and AIDS (Life-Skills Education) grant – R3.1 million
- Learners with Profound Intellectual Disabilities (LPID) grant – R5.3 million
- Maths, Science and Technology (MST) grant – R336 000

- National School Nutrition Programme (NSNP) grant – R16.9 million
- Human Papillomavirus (HPV) Vaccine grant – R5.3 million
- Human Settlements Development grant (HSDG) – R50.5 million
- Provincial Disaster Relief grant (under COGTA) – R675 000
- EPWP Integrated Grant for Provinces (under Transport) – R2.5 million
- Provincial Disaster Relief grant (under Social Development) – R4.6 million.

Umugqa 11 ukhombisa isamba esiphelele esingu **R19.5 million** okumele sibuyiselwe emuva esiKhwameni seNgenisomali likaHulumeni kuZwelonke ngokwemibandela yesibonelelo esingasebenzanga futhi sangabophezelwa. Lesi samba sehle kakhulu, ngaphezu kuka R53.8 million owabuyiselwa onyakeni owedlule, kepha kuyakhathaza ukuthi isifundazwe silahlekelwe yilezi zimali. Lesi sibonelelo se:

- Land Care grant – R487 000
- HIV and AIDS (Life-Skills Education) grant – R1.5 million
- HPV grant – R6.3 million
- Provincial Disaster Relief grant (under COGTA) – R9.9 million
- Provincial Disaster Relief grant (under Social Development) – R396 000
- EPWP Integrated Grant for Provinces (under Arts & Culture) – R808 000
- Community Library Services grant – R31 000.

Emva kokubhekana nokudluliselwa phambili kwezibonelelo ezinemibandela, ukugunyazwa nokungagunyazwa kwakho, imali esele ingango **R1.9 billion**, kanti lokhu kukhonjiswe **emGgqeni 12**.

Ukudluliselwa phambili kwemali yesifundazwe

Ukudluliselwa phambili kwemali eyabelwe isifundazwe ngokulingana okwagunyazwa kuqukethwe kuMthethosivivinyo oGunyaza ukuSetshenziswa kweziMali zikaHulumeni engiwethula namuhla, kanti leyo mali ingu **R174.4 million** futhi ikhonjiswe **emGgqeni 13** wesithasiselo. Njengoba sengishilo, umnyango ngamunye wathintwa ngenyanga ka-Agasti 2019 kwaba nezingxoxo phakathi koMnyango kaMgcinimafa kaZwelonke noMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe, kanti le mihlangano yiyo eyanquma ukuthi yikuphi ukwedluliselwa phambili kwezimali okuzogunyazwa. Ukudluliselwa phambili kwezimali okwagunyazwa kumi kanje:

- **iVoti 1: lHhovisi likaNdunankulu** lagunyazwa ukuba ledlulisele phambili imali engango **R1 million**, ukuze likhokhele izibopho eziqondene **nokulungiswa kophahla** lwaseMoses Mabhida, okuyibhilidi elinehhovisi leNhloko yalo mnyango.
- **iVoti 2: lsiShayamthetho sesiFundazwe** sizogcina imali esabelwe yona eyevile (yokuqhuba umsebenzi) evotelwa njalo ngonyaka, ngaphandle kokuthi sithumele isicelo kuMgcinimafa weSifundazwe sokuba le mali idluliselwe onyakeni olandelayo njengoba kwenza iminyango yesifundazwe. Lokhu kuyahambisana nePFMA kanye ne-Financial

Management for Parliament and Provincial Legislatures Act (FMPPLA). Ngakho-ke, imali engasebenzanga yonke ecwaningiwe eqondene **nesabelo sokuqhuba umsebenzi** ibuyiselwa esiShayamthetho. Ngakho, isamba sesiShayamthetho esingu **R16.7 million** sidluliselwa phambili. Kumele kuqashelwe ukuthi isiShayamthetho sasebenzisa ngokungaphansi isabelomali saso sika 2018/19 ngo R19.3 million, kepha u R2.5 million wale mali uqondene nesabelo saso sangokomthetho kanti le mali kumele ibuyiselwe emuva esiKhwameni seNgenisomali yesiFundazwe.

- **iVoti 3: EzoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya** idlulisele phambili imali engango **R67.6 million** ngenxa yokuzibophezela okuphathelene **nezidingo zempilo yezilwane, nokokutshala** okufana nembewu, umquba, ukubiya nempahla yokuchelela phakathi kokunye.

- **iVote 4: EzokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo (EDTEA)** uzodlulisela phambili imali engango **R7 million** eqondene nezibophezelo ze**Maritime Centre of Excellence** engaphansi kweMoses Kotane Institute.

- **iVote 6: uMngcimafa wesiFundazwe** uzodlulisela phambili isamba sika **R4 million** esiqondene noPhiko **lezoCwaningomabhuku lwangaPhakathi** owenza umsebenzi wokuqinisekisa izingaqophelo, lapho umsebenzi ongamaphesenti angamashumi amathathu okwakumele wenziwe ngonyaka ka 2018/19 wadluliselwa phambili onyakeni ka 2019/20.

- **iVoti 10: OwezemiDlalo nokuNgcebeleka** udlulisela phambili isamba esingu **R3.6 million** esiqondene nemisebenzi yezokuphatha ka 2018/19 efana **nokuqasha amahhovisi** ePietermaritzburg.

- **iVote 11: OwezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zobuHoli boMdabu** udlulisela phambili imali engango **R69.3 million**. Iningi layo liqondene **nokuthengwa kwempahla** yomasipala, efana namaloli kadoti, amathange amanzi, amaloli amoma indle, njll. njl. kanjalo kubalwa nemali ezodluliselwa kwi- Municipal Infrastructure Support Agent (MISA) ukusiza AbaQulusi Local Municipality ngokubeseka ngokwesiGaba 139 soMthethosisekelo **ukungenelela okudingeka maqondana nokuhlinzekwa kwamanzi nogesi**.

- **iVoti 15: OwezobuCiko namaSiko** udlulisela phambili imali engango **R5.1 million** yephrojekthi ye-**Archive Repository** engazange iqalwe ngo 2018/19. Ngesikhathi sezingxoxo nomnyango, kwavunyelwana ukuthi le phrojekthi ibhekisiswe kabanzi, ikakhulukazi njengoba kunokubambezeleka okuqhubekayo okudale ukuba izimali zimiswe emnyangweni unyaka owodwa bese zibuyiselwa kuwo futhi umnyango ukuze wenze yona le phrojekthi esikhathini esizayo. Isamba esingu R5.1 million esiqondene nale phrojekthi sabe sesigunyazwa, kepha le mali izogcinwa esiKhwameni seNgenisomali kuze kube le phrojekthi iyaqalwa.

IziBophezelo zesiFundazwe

Ziningi izibophezelo zesifundazwe kanye/noma izincindezi ezavela kusukela mhla kwethula isabelomali saphakathi nonyaka i-MTEF ka 2019/20 esiShayamthetho, ezidinga izimali kanti imali eyakhishwa mayelana nalokhu ngu R1 billion njengoba kukhonjisiwe **eMgqeni 14** wesithasiselo. Izindawo ezithola uxhaso olwengeziwe ilezi ezilandelayo:

- **IsiKhwama sokuFukula iNtsha yase-KZN** sanikwa u R50 million. Phambilini lesi sikhwama besesivele sinikwe imali engu R50 million ovela eHhovisi likaNdunankulu, kanye no R20 million ovela kwa-EDTEA. UNdunankulu wazibophezela ngesikhathi ethula iNkulumo yesiMo sesiFundazwe (SOPA) ngo Juni 2019 ukuthi uzokwengeza omunye u R50 million kulesi sikhwama. Imali esiyabelwe lesi sikhwama kuze kube manje yadluliselwa kwiKZN Growth Fund Trust (KZNGFT) ukuze yenze lo msebenzi. Enye ingxenye ka R50 million izokwabelwa iHhovisi lika Ndunankulu ngo 2020/21, ngesizathu sokuthi iKZNGFT isenayo imali eyanele esikhwameni eyayithola ngesikhathi idluliselwa ngo 2018/19, nanokuthi uMcwaningimabhuku oMkhulu wathatha ngokuthi le mali eyafakwa ngasekupheleni kuka 2018/19 iyimali eyabiwe ngaphambi kwesikhathi, okuyinto eyaphazamisa inqubo yokubalwa kwezimali ekupheleni konyaka. Siyethemba ukuthi ngokufaka izimali ekuqaleni konyaka, le nkinga izogwemeka.

- **Ukwethulwa ngokusemthethweni koHlelo lokuthuthukisa lziFunda nguMongameli** kwabelwa u **R2.9 million** ngaphansi kweHhovisi likaNdunankulu. Ukwethulwa kwalolu hlelo kwenzeka kulesi sifundazwe mhlaka 17 no18 Okthoba. Lolu Hlelo luzosheshisa ukuhlinzekwa kwezidingo, luphinde lwenze ukuba abasebenzi bakahulumeni bakwazi ukuphendula futhi lwenza kube lula ukulwa nenkohlakalo.

- **Ukuqaliswa Kokuhlolwa Kokusebenza** ngaphansi kwesiShayamthetho sesiFundazwe kunikwe u R24 million nokuyimali ezokhishwa kule minyaka emithathu ezayo, okusho ukuthi u **R8 million** ngonyaka kusukela ngo 2019/20 kuya ku 2021/22. Mayelana nalokhu, kwavunywa ukuthi isikhwama sesifundazwe sizoxhasa ngengxenye yezindleko zonyaka eziqondene nokuthuthukiswa kwezikhundla okusanda kwenzeka eSishayamthetho emva kokuba lesi sikhungo siphothule uhlelo lwaso lokuhlola umsebenzi owenziwayo ngokwezikhundla nokuthi isiShayamthetho sona sizokhokhela imali esele lapho ngemali enaso. Yize noma ithebhula likhombisa imali engango R24 million, le mali iyokhishwa izigaba ezintathu ezilinganayo ngo R8 million ka 2019/20, 2020/21 kanye noka 2021/22.

- **Ukuqoqwa ngokweqile kwengenisomali** IsiShayamthetho sesiFundazwe sithola imali engu **R812 000**. IsiShayamthetho sigcina noma ngabe iyiphi ingenisomali yaso esiyiqoqile onyakeni ongaphambili ngokwesiGaba 22 se-PFMA, ne-FMPPLA.

- **Imali yamaLungu esiShayamthetho aphumayo** ngokuphuma kwamaLungu esiShayamthetho emva koKhetho oluKhulu lwango 2019 kwabiwa u **R29.5 million** isiShayamthetho sesiFundazwe sanikwa u R27.5 million ngo 2019/20 oqondene nalokhu, kwathi uMgcinimafa wesiFundazwe wanikwa u R2 million.

- **Imali eyabiwa ngokomthetho engasebenzanga** imali engu **R2.5 million** ibuyiselwa esiShayamthetho sesiFundazwe. Yize i-FMPPLA idinga kuphela imali yokuqhuba umsebenzi engasebenza yonke ukuba ibuyiselwe emuva, isiShayamthetho senze isicelo esiyisipesheli sokuba siphinde sigcine u R2.5 million ongasebenzanga owabiwa ngokomthetho. Isizathu salokhu ukuthi isiShayamthetho sasingeke sazi ngaphambilini ngokuthi sizoba namaqembu epolitiki ayisishiyagalombili ngemuva koKhetho oluKhulu, njengoba ngaphambilini kwakunamaqembu epolitiki ayisithupha ehlandleni lesihlanu lokubusa, kanti lokhu sekudale ingcindezi emalini yezibonelelo ezikhokhelwa amaqembu ezepolitiki.

- **Ukuvuza kophahla lesakhiwo sesiShayamthetho** u **R17 million** onikezwe isiShayamthetho sesiFundazwe. Isakhiwo sesiShayamthetho sidala kakhulu futhi sidinga ukugcinwa sisesimweni esifanele njalo futhi silungiswe. Ukulungiswa kophahla oluvuzayo kanye nengaphambili laleli bhilidi yinto esihlelwe iminyaka eminingi kanti manje sekuyinto ephuthumayo, kanti noMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi ukhathazekile ngokuthi lokhu kuvuza kungadala umonakalo empahleni entsha yobuchwepheshe bokukhuluma esanda kufakwa kule ndawo.

- IKZN Sharks Board's (KZNSB) i**Shark Repellent Technology** inikezwe u **R3.3 million** ozodluliselwa kwa-EDTEA. Ngonyaka ka 2017/18, iKZNSB ibhalele uMgcinimafa wesiFundazwe icela ukugcina u R3.3 million ngo 2018/19 ukuze kuqhutshekwe nale phrojekthi. Kwakunongabazane ngaleso sikhathi maqondana nokulungela ukuqhubeka nale phrojekthi njengoba lolu hlaka lwalusaphothula imibandela yenkontileka kanye ne-Institute of Maritime Technology okuyiyo eyayiqokwe njengomhlinzeki womsebenzi futhi kuyiyo okwakungabanjiswana nayo uma kwenziwa eminye imisebenzi yentuthuko esikhathini esizayo. Ngakho-ke, kwavunyelwana nalolu hlaka ukuthi izimali zizogcinwa esiKhwameni seNgenisomali lesiFundazwe kuze kube lolu hlaka lukulungele ukusebenzisa lezi zimali. Ngenxa yalokho, le mali isibuyiselwa kulolu hlaka futhi.

- **UkuPhepha kweziKole** ngaphansi kwezeMfundo zinikwa u **R41.2 million**. Lezi mali zokwengeza zikhishelwe ukuba kuhlinzekwe ngamavolontiya ezokuphepha ezikoleni kulandela udlame lwakamuva nobugebengu ebenzeka ezikoleni.

- **Amaphrojekthi eziNdlu** ngaphansi kwezokuHlaliswa kwaBantu anikwa u **R41 million**. Lezi mali zatholwa ngaphakathi kwingenisomali yabo ka 2018/19 ngokudayisa izindlu e-Ridgeview Gardens, kanye nezimali ezingasebenzanga zamaphrojekthi ezindlu aseMpendle nawakuMasipala Umzimkhulu. Lezi mali zizosetshenziselwa kakhulu ukuphucula kokuhlinzekwa kwezidingo nokuthuthukisa izinhlelo zezindlu.

- **Ucwaningo ngokusilela emuva kokuhlinzekwa kamanzi, ukuthuthwa kwendle nogesi** olungaphansi kuka-COGTA lunikezwe u **R100.6 million**. Lolu hlelo alubhekile nje kuphela izinkinga ezikhona zokusilela emuva, kepha luphindle luhlole isimo sengqalasizinda ekhona. Izinto okugxilwe kuzo kakhulu amanzi, ukuthuthwa kwendle nogesi. Kuyinhloso yalolu cwaningo ukuveza isimo sengqalasizinda ekhona bese kutholakala izindleko zokuyilungisa le ngqalasizinda ezimweni lapho isigugile khona. Ububanzi bomsebenzi bubala phakathi kokunye, umsebenzi wokudonsa amanzi, umsebenzi wokuhlanzwa kwamanzi, umsebenzi wokuhlanzwa kwamanzi angcolile athutha indle, amapayipi okuhambisa indle, iziteshi zokuphamba amanzi, amadamu okugcina amanzi okuphuza kanye nokwazi umsebenzi kwabantu abaqashwe kulezi zindawo. Mayelana nogesi, ucwaningo luzobheka phakathi kokunye, ama- primary in-take sub-stations, ama-distribution sub-stations, ama-distribution transformers, namasevisi kagesi ezindaweni ezingaphakelwa ngomasipala ugesi.

- **Ukuthuthwa kwabafuthi** ngaphansi komnyango wezokuThutha kuthola u **R130 million** ngo 2019/20 nomunye u R136.6 million ozokwabiwa ngo 2020/21 ukuze kube nokuqiniseka kokuthi izimali zikhona. Lezi mali zizobhekana nengcindezi ekhona mayelana nokuthutha abafundi abawu- 58 908 uma beya ezikoleni. Imali ephansi ekhishelwa lo msebenzi incane kakhulu njengoba ngaphambilini, izimali bekumele zilokhu zengezwa ukuze kubhekwane nalezi zingcindezi ngesikhathi sekwenziwa iSabelomali esiBuyekeziwe.

- **AmaPhrojekthi eNgqalasizinda** ngaphansi kukakoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi anikwa u **R30 million**. Amaphrojekthi abelwe izimali asiza umnyango ekuzibophezeleni kwawo ukubhekana nezinselelo ezinzima zezempilo nokuphepha, amabhilidi agugile angase avalwe noma yinini kanye nezikhungo zabantwana nezentsha ama-Child and Youth Care Centres angahambisani nemigomo kanye namazinga amukelekile. Izibonelo zama phrojekthi engqalasizinda adinga imali eyengeziwe iNdumo Inkululeko Youth Care Centre, Inkanyezi Early Childhood Development (ECD), iRay Nkonyeni Youth Academy, Wentworth Youth Development Centre, Umlazi Place of Safety, phakathi kwamanye.

- **Izinhlelo zokulwa nokuhlukunyezwa ngokobulili** ngaphansi kuka Social Development zinikezwa u **R14.4 million**. Lezi zimali zabiwe ngenxa yokubaluleka kokulwa nokuHlukunyezwa ngokobuLili. Lezi mali zizosetshenziswa ukuqasha oSonhlalakahle abangu 80 esikhathini sezinyanga eziyisihlanu (Novemba kuya kuMashi) bese benikezwa amathuluzi adingekayo okusebenza. Labo Sonhlalakahle bazoqashwa ezikhungweni ezizimele ezingenzi nzuzo kanti bazogxila kakhulu ezinhlelweni zokuLwa nokuHlukunyezwa ngokobuLili.

- **Ukuqeqesha nokucija izinhlangano ezingenzi nzuzo** ngaphansi koMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kunikezwa u **R7.4 million**. Lezi zimali zadluliselwa kwi-National Development Agency (NDA) ngo 2016/17 engayisebenzisanga yonke le mali yase ibuyisela u R7.4 million emuva emnyangweni. Lezi zimali zabelwe ukuba zisetshenziselwe inhloso yayo yasekuqaleni, okungukuqeqesha, ukucija, ukufukamela, ukwalusa nokuhlola ukusebenza kwezinhlangano ezingenzi nzuzo.

- **Amarates omhlaba/ezakhiwo** ngaphansi koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi anikwa u **R380.6 million**. Njengoba kwenzeka ngohlelo lokuthuthwa kwabafundi, lesi sabelomali sidinga ukuba kulungiswe imali ephansi ekuqalwa kuyo, kepha ukunciphisa isabelomali okuqhubekayo obekwenziwa yilesi sifundazwe kwenze ukuba sikwazi ukulungisa isamelomali esiphansi samarates omhlaba/ezakhiwo kulesi sikhathi. Okwamanje, uMnyango ucela izimali njalo ngonyaka ngesikhathi kubuyekezwa izilinganiso zesabelomali ukuze ibasiza ukuba ubhekane nale ngcindezi. Izincindezi kumarates omhlaba/ezakhiwo idalwa ukwenyuka kwamanani asezimake omhlaba/ezakhiwo, kanti ukwenyuka okukhulu kube ngesikhathi uMasipala oMkhulu waseThekwini uqala uhlelo lwawo lokuhlola amanani wakhipha nohlu lokuhlolwa kwamanani luka 2017/18. Okunye okudale lokhu uhla olusha lokuhlolwa kwamanani amarates oluqale ukusebenza mhla ka 1 Julayi 2019 lonyaka wezimai ka 2019/20.

Emva kokwabela izibophezelo zesifundazwe nokwedluliselwa phambili kwezimali onyakeni olandelayo, imali ekhona u **R763.6 million** njengoba kukhonjisiwe **eMgqeni 15.**

Imali yeziMo ebezingaLindelekile

UmuGqa 18 ukhombisa ukuthi iMali yeziMo ebezingaLindelekile ka 2019/20 ingu R400 million. Lezi zimali zikulungele ukuba zabiwe.

UmuGqa 19 usikhumbuza ukuthi isiFundazwe sabhajethela iMali yeziMo ebezingaLindelekile ngesikhathi sesabelomali saphakathi nonyaka 2019/20 MTEF ukuba ibe ngu R400 million ngonyaka ngesikhathi kwenziwa *Izilinganiso zesiFundazwe zeNgenisomali neziNdleko* sika

2019/20 ngaphandle konyaka ka 2020/21 lapho sibhajethele izimo eziqubukayo ngo R302.245 million kuphela ngenxa yokuncishiswa kwesabelomali okwaphazaminisa nesabelomali sesifundazwe ngalezo sikhathi. Kwezinwa isibopho sokuthi ngesikhathi sekwabiwa izimali kulezi zimali ezikhona njengamanje, isabelomali sezimo eziqubukayo sizonyuswa ngo 2020/21 sifike ku R400 million ngokuhambisana nesinqumo sesiGungu esiKhulu sesiFundazwe (ikhabhinethi) sokuthi imali yezimo eziqubukayo eKZN ingabi ngaphansi kuka R400 million. Ngakho-ke, u R97.8 million uzosetshenziswa ukwenyusa isabelomali sezimo eziqubukayo sika 2020/21 ukuze sifika ku R400 million.

UmuGqa 20 ukhombisa ukuthi u R1.1 billion uzohlala ukhona emva kokuba sekwabiwe izimali ezizodluliselwa onyakeni olandelayo kanye nezokukhokhela izibophezelo ezikhona. Yize noma lesi kuyisamba esikhulu, kumele sibukwe ngeso lokuthi sizoncipha isabelomali ngesikhathi se 2020/21 MTEF. Kwabe sekunqunywa ukuthi lesi samba sizohlala emgodleni wethu ukuvikela isifundazwe uma kuncishiswa isabelomali ngesikhathi sekubuyekezwa ukusetshenziswa kwezimali kwaphakathi nonyaka ngonyaka ka 2020/21. Yize noma bungaziwa ubungako bokuncishiswa kwesabelomali okuzonqunywa, kuhle ukuba isifundazwe siqale manje ukuzihlelela into ezokwenzeka kusasa. Izinkomba zithi ukuncishiswa kwesabelomali ngesikhathi kubuyekezwa ukusebenza kwezimali kwamaphakathi nonyaka kuka 2020/21 kuzoba kukhulu ngendlela engakaze ibonakale ngaphambilini.

Ukumiswa kwezimali

Lapho iminyango ibona ukuthi inamaphrojekthi athile angaqhubekeli phambili ngezinga ebelilindelekile, iyakwazi ukucela ukuba izimali eziqondene nalawo maphrojekthi zimiswe esabelwenimali sawo salowo nyaka wezimali, ukuze leyomali ikwazi ukuba iphinde ibuyiselwe kabusha emnyangweni eminyakenizimali elandelayo. Mithathu iminyango ethumele lezi zicelo zalolu hlobo:

- **lHhovisi likaNdunankulu** licele ukuba ingxenye yemali eyabelwe **ukulungiswa kophahla** lwe bhilidi iMoses Mabhida imiswe onyakeni ka 2020/21. Ngenxa yalokhu, isamba sika R5.9 million sabelwe umnyango onyakeni ka 2019/20 kanti lokhu, kanye nesamba sika R1 million esidluliselwe phambili engikhulume ngaso ekuqaleni, kusho ukuthi isamba sika R6.9 million sabelwe le phrojekthi onyakeni ka 2019/20. Ukulungiswa kophahla kulindeleke ukuba kuphothulwe ngo 2020/21 ngakho, ihhovisi likaNdunankulu licele ukuba u **R6.9 million** umiswe esabelwenimali sawo sika 2019/20 ukuze ubuyiselwe kubo ngonyaka ka 2020/21.
- **UMnyango wezobuCiko namaSiko** ucele ukuba isamba sika R150 million simiswe esabelwenimali sawo sika 2019/20 okuyimali eqondene namaphrojekthi kanye nokuguqula inhloso yezinye izimali ebezabelwe okunye. Konke lokhu kuchaziwe lapha:
    - Isamba sika R135.3 million sabelwa umnyango ngo 2019/20 ukuba kwakhiwe ngaso i-**Archive Repository**, kanye nomunye u R25.9 million onyakeni ka 2020/21. Umnyango ucele ukuba isamba sika R133.3 million simiswe esabelwenimali sawo sika 2019/20, wacela nokugunyazelwa ukwedlulisela phambili imali engango R5.1 million nokwenza isamba esiphelele sika **R138.4 million** ukuba sigcinwe esiKhwameni seNgenisomalo yesiFundazwe kuze kube yisikhathi lapho lama phrojekthi eqalwa khona. Le phrojekthi yenziwa uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi kanti kulindeleke ukuba imali yamakhonsalithenti ikhokhwe kulo nyaka, kepha ezinye izimali ziyokhokhwa eminyekeni ezayo.

- Isamba sika R9 million sabelwa ukulungiswa kwe**Winston Churchill Theatre** ngo 2019/20. Umnyango ufisa ukuguqula inhloso yezinye zezimali, ukuze u R1.5 million wabelwe ukuthenga isikhungo sobuciko eLadysmith nokulungisa udonga olwawa eHeather Hall. Isamba sika R1.4 million sizosetshenziselwa iphrojekthi yeWinston Churchill Theatre ngo 2019/20 bese esele lapho u-**R6 million** kucelwa ukuba igcinwe esiKhwameni seNgenisomalo yesiFundazwe kuze kube iphrojekthi ikhombisa inqubekela phambili.
- Isamba sika R9 million sabelwa umnyango ukuze uwusebenzise kwi phrojekthi **yesiKhungo sezobuCiko Osizweni**. Umnyango ucabanga ukuthi uzosebenzisa u R5.4 million kulo nyaka wezimali ophezulu, ngakho ucela ukuba izinsalela zika **R3.6 million** zigcinwe esiKhwameni seNgenisomalo yesiFundazwe kuze kube isikhathi lapho izidingo zale phrojethi zikhomba ukuthi imali isingabuyiselwa emnyangweni.
- Isamba sika R5 million sabelwa umnyango ukuze kwenziwe iphrojekthi **yesiKole soMculo eLadysmith**. Umnyango ucabanga ukuthi uzosebenzisa u R3 million kuphela kulo nyaka wezimali ophezulu, ngakho ucela ukuba isamba sika **R2 million** simiswe futhi sigcinwe esiKhwameni seNgenisomalo yesiFundazwe kuze kube isikhathi lapho izidingo zale phrojekthi zikhomba ukuthi imali isingabuyiselwa emnyangweni.

- U-COGTA wacela ukutha isamba sika **R4 million** simiswe esabelwenimali sawo bese siyiswa eHohovisi likaNdunankulu ukuze ukhokhele **umsebenzi wengqalasizinda** owenziwe ezigodlweni zikaBayede.

C. IMALI EYABIWA NGOKULINGANA KANYE NOKWABIWA KWEZIBONELELO EZINEMIBANDELA

ISabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20 asikhombisi i**mali eyengeziwe** efakwe kwisabelomali saKwaZulu-Natal**.**

Kepha kukhona izinguquko ezenziwe esabelweni sezibonelelo ezinemibandela esiphuma kuMgcinimafa kaZwelonke. Izibonelelo ezinemibandela ezithintekayo yilezo ezingaphansi kukaVoti 3: EzoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya, kanye naleyo eku 7 kuphela: EzeMpilo, kanti lezo zinguquko zimi kanje:

- **iVoti 3: EzoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya** kukhona u **R3.5 million** we-**Ilima/Letsema Projects grant** osuka ekutheni ube uxhaso ngqo ube uxhaso olucashile olusanda kwakhiwa ngaphansi komnyango kazwelonke. Le mali izokhokhela i-National Food and Nutrition Survey okuhloswe ngayo ukuba kukalwe izinga lobubha, ukuba buthaka nokushoda kokudla ezweni ukuze izwe likwazi ukuqagula isimo sokudla ezweni. Le saveyi izokwenziwa yi-Human Science Research Council (HSRC) kanti lolu guqulo luzovumela ukuba izimali, vele ebese zibekiwe, zidluliselwe kwa-HSRC nguhulumeni omkhulu kunoba ziqale phansi ziyodlula ezifundazweni zonke.
- **iVoti 7: EzeMpilo** kukhona ingxenye yoxhaso olucashile lwe-NHI loMnyango wezeMpilo kuZwelonke (NDOH) oluzoguqulwa lube **uxhaso ngqo lwe-NHI** olunikezwa izifundazwe, kanti umnyango uthola u **R55.4 million** oqondene nalokhu. Ingxenye yoxhaso oluhanjiswayo luqondene nophikwana lakwa Health Professionals Contracting njengamanje olwenziwa ezingeni likaZwelonke, ekubeni ukukhishwa kwezinkontileka

kube kwenzeka emazingezi ezifundazwe, bese izifundazwe zifaka ikleymu yalezo zimali. Ngakho-ke, izimali zalolu phikwana zidluliselwa ezifundazweni eseziqalile ukwenza lo msebenzi.

- **iVoti 7: Health's HR Capacitation grant** ithole ukukhuphuka ngo **R69.4 million** ukusiza isifundazwe ukuba sibhekane nesibopho saso samaholo ezikhundla esezigcwalisiwe ngalolu xhaso. Izimali zakeliswa kabusha zisuka oxhasweni olucashile lwe NHI loMnyango Wezempilo kuZwelonke (NDOH), nasoxhasweni lomgomo we-HPV lwezifundazwe. Maqondana nalokhu, uxhaso lomnyango lomgomo we-HPV luncishiswe ngo R15.2 million. Ukuncishiswa komxhaso walo mgomo kwenzeke ngenxa yokuthi kube nezinguquko maqondana namaqoqo amantombazane ayeqondiwe eBanga 4 kuya eBangeni 5 kanti iningi lamantobazane eBanga 5 lagonywa ngo 2018.

Kukhona nesabelo esenziwe ngokweGazethi kaHulumeni No. 42 593. UMgcinimafa kaZwelonke wakhipha le Gazethi kaHulumeni mhla ka 26 Julayi 2019 evumela ukuba kwabelwe iKwazulu-Natal neWestern Cape ingxenye yemali engabiwe kuSheduli 7 wemixhaso. KwaZulu-Natal, **iVoti 8: EzokuHlaliswa kwaBantu** ithola isamba sika **R151.2 million** maqondana **nesiBonelelo sesiFundazwe sokuPhuthumayo kowezeziNdlu** kanti lokhu kuqondene nezikhukhula ezihlasele phakathi kukaDisemba 2018 noJanuwari 2019 ezahlukumeza izifunda zalezi zifundazwe zalimaza imizi elinganiselwa ku 2 800. Ngaphezu kwalokho, lezi zimali ezokubhekana nezindlelo ezadalwa yizikhukhula ezazingo Ephreli 2019 ezalimaza izindlu (ikakhulukazi ezodaka) emakhaya komasipala abangu 19 kanti sezizonke izindlu ezathinteka zingu 1 277.

D. UKUBUYEKEZA/UKUKELISA KABUSHA KWANGAPHAKATHI

Ngale kwalokhu kubuyekeza, iSabelomali esiBuyekeziwe siphinde sibe nokwedluliswa kwezimali ngaphaki kuma akhawunti kanye nokususwa kwezimali okwenziwe yiminyango ekuhleleni kabusha isabelomali sayo phakathi nonyaka.

Ukunikhumbuza nje, **ukudluliswa kwezimali zisuka kwenye i-akhawunti ziya kwenye kungukusebenzisa imali eyongekile noma engasebenzanga yonke isuka ophikweni olukhulu noma ekuklanyweni ngokomnotho okuthile kweVoti iye kokhokhela izindleko ezeqile kolunye uphiko noma ukuklanywa komnoto othile ongena phansi kweVoti efanayo,** okungukuthi, inhloso yasekuqaleni imali eyayizosetshenziselwa yona isiguqukile.

Ukususwa kona kuchaza ukwabiwa kabusha kwezimali ezazabiwe ngendlela okungeyiyo ngesikhathi kwenziwa uhlelo lwebhajethi ka 2019/20 *yeziLinganiso zesiFundazwe zengenisomali kanye neziNdleko*, noma lapho izimali sisuswa ngenxa kuyoklanywa kabusha kwezindleko. Lokhu kubala nokusuka kwemisebenzi kumaVoti ukuze kwenzeke ukudluliswa kwezimali ngaphakathi emnyangweni, kepha inhloso yasekuqaleni yemali kayiguquki.

IsiGaba 43 se-PFMA sinquma ukuba **ukugunyaza kwesiShayamthetho** kuyadingeka uma kwenziwa noma yikuphi ukuncishiswa kwezimali **ebezabelwe okuthile ngenhloso ethile**, kanye nanoma yikuphi **ukuncishiswa kweMali yemiSebenzi emiKhulu**, kanjalo nanoma yikuphi **ukuncishiswa kwezimali ezidluliswayo nemixhaso** kuyiswa kunoma isiphi isikhungo. Njengoba ngishilo ekuqaleni, noma yikuphi ukuncishiswa okuhlongozwayo kubhalwe phezu komubala ogreyi ezilinganisweni zeSabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20 engisethula namuhla.

NgokoMthethonqubo kaMgcinimafa 21.1.1, noma yiziphi **izipho, iminikelo noma imixhaso efika ku R100 000** ingagunyazwa ngu-Accounting Officer ofanele. Uma isamba **singaphezu kuka R100 000**, iSishayamthetho kumele sikugunyaze lokhu. Ezimweni lapho lezo zipho, iminikelo noma uxhaso kungaphezu kuka R100 000, lokhu kukhonjiswe eceleni ezilinganisweni zesabelomali esibuyekeziwe sika 2019/20, futhi sikhonjiswe njengodaba oluzimele lodwa kuMthethosivivinywa oGunyaza ukuSetshenziswa kweziMali zikaHulumeni.

E. ISIPHETHO

Mama Somlomo, sengiphetha, ngifisa ukukhumbuza amaLungu lokho engakusho ngesikhathi ngethula iSabelomali sika 2019/20 kule Ndlu ngo Julayi, ukuthi ukuze iNingizimu Afrika isebenze, iKwaZulu-Natal kumele isebenze.

Kuyijoka elisindayo, kepha sonke kumele silithwale. Ukuze izwe likhule liye phambili, iKwaZulu-Natal kumele ikhule iye phambili. MaLungu aHloniphekile ale Ndlu, singayenza iKwaZulu-Natal ibe ngcono.

Ngale kokuthi sikhokhelwa kuphi, ngicabanga ukuthi sonke siyavumelana no-Karl Marx, ngokuthi: *“Uma sesithathe isinqumo empilweni sokuthi sonke singakwazi ukusebenzela abantu, abukho ubunzima obungasiyekisa, ngoba lokho kuwukuzinikela okuzohlomukisa wonke umuntu; ngakho angeke sizidabukele, sizinqinde, sizijabulise, kepha injabulo yethu kuyoba ngeyezigidi zabantu, imizamo yethu iyokhunjulwa njalo ngokuthula ibe iqhubeka isebenza, futhi noma singasekho, abantu bayokhala phezu kwamathuna ethu, izinyembezi zenjabulo ngabantu abasebenzela umphakathi ngokwembeka.”*

Umsebenzi wethu omkhulu ukuthola isixazululo ngezinselelo ezibambezela impumelelo yethu, kunokuba sizibambezele ngemicabango nezinkolelo zethu. Kumele sibe matasa sithole lokho okusebenzayo ukuze sisebenzele abantu bethu.

Ngithanda ukubonga uNdunankulu Ohloniphekile, uMnuz. Sihle Zikalala kanye namaLungu aHloniphekile esiGungu esiKhulu sesiFundazwe (iKhabhinethi) ikakhulukazi amaLungu eKomidi labaPhathiswa leSabelomali, ngokungeseka kwabo ngesikhathi kwenziwa lesi Sabelomali esiBuyekeziwe.

KuSihlalo kanye namaLungu eKomidi eliBhekele ezeziMali, sikulangazelele ukuxhumana nani ngalesi Sabelomali esiBuyekeziwe futhi siyazibophezela ukunelekelela ngayo yonke indlela emsebenzini wenu wokwalusa.

Ngifisa ukubonga bonke abasebenzi boMnyango wami wezeziMali ngaphansi kobuholi beNhloko yoMnyango, uMnuz. Simiso Magagula ngokuqinisekisa ukuthi umbhalo wesabelomali, njengenhlalayenza, usezingeni eliphezulu.

Kuyintokozo kimi ukwethula ngokusemthethweni uMthethosivivinywa oGunyaza ukuSetshenziswa kweziMali ka 2019 wesiFundazwe iKwaZulu-Natal ukuba ucutshungulwe yile Ndlu ufundwa kanye *nesiLinganiso esiBuyekeziwe seNgenisomali neziNdleko*. Ngiyethemba ukuthi inkulumompikiswano kanye nokuvotelwa kwalo Mthethosivivinywa kuzoba ngokwakhayo nokunemiphumela emihle.

Ngiyabonga.

ANNEXURE A: Table 1: Net Financial Position - 2019/20

R thousand	2019/20
1. 2018/19 Adjusted Budget - Audited	123 706 755
2. 2018/19 Actual Expenditure - Audited	122 094 593
3. 2018/19 Year-end under-expenditure - Audited	1 612 162
4. 2018/19 Own Revenue Budget - Audited	3 236 438
5. 2018/19 Own Revenue collection - Audited	3 549 133
6. 2018/19 Year-end over-collection - Audited	312 695
7. 2018/19 Budgeted surplus	281 469
8. Less: 2018/19 Revenue collection already allocated in 2018/19 Adjustments & Technical Adjustment	(50 375)
9. 2018/19 Surplus - Audited	**2 155 951**
10. Less: Unspent conditional grants approved for roll-over	186 505
CASP grant	68 304
Ilima/ Letsema Projects grant	26 424
Land Care grant	2 697
HIV and AIDS (Life-Skills Education) grant	3 082
Learners with Profound Intellectual Disabilities grant	5 338
Maths, Science and Technology grant	336
NSNP grant	16 890
HPV grant	5 260
Human Settlements Development grant	50 450
Provincial Disaster Relief grant (COGTA)	675
EPWP Integrated Grant for Provinces (Transport)	2 469
Provincial Disaster Relief grant (Social Development)	4 580
11. Less: Unspent conditional grant funding to be returned to National Treasury	19 475
12. 2018/19 funding available after taking into account cond. grant roll-overs and surrenders	**1 949 971**
13. Less: Provincial Roll-overs	174 404
Vote 1: Moses Mabhida roof repair	1 000
Vote 2: In terms of FMPPLA, under-expenditure of operational budget is allocated back to Legislature	16 743
Vote 3: Agricultural inputs, veterinary supplies, etc.	67 631
Vote 4: MCOE	7 000
Vote 6: Internal Audit - Assurance services	4 000
Vote 10: Lease for offices	3 566
Vote 11: Trf to MISA for AbaQulusi, capital assets for municipalities (yellow plant)	69 334
Vote 15: Archive Repository	5 130
14. Funding available after conditional grant and equitable share roll-overs	**1 775 567**
15. Less: Provincial Commitments	1 011 947
V1: KZN Youth Empowerment Fund	50 000
V1: Presidential Launch of District Development Model	2 900
V2: Implementation of JE results	24 000
V2: Revenue returned ito S22 of PFMA	812
V2 & V6: MPLs exit packages	29 475
V2: Unspent Statutory allocation to be used for Secretarial Allowances for Political Parties	2 528
V2: Roof repairs to Legislature main building	17 011
V4: KZNSB Shark Repellant Technology	3 293
V5: School Security	41 191
V8: Housing Projects	40 997
V11: Water, Sanitation and Electricity Backlog Study	100 562
V12: Learner Transport	266 630
V13: Infrastructure Projects	30 129
V13: Gender Based Violence	14 443
V13: Mentoring, Coaching etc. of NPOs	7 352
V14: Property Rates	380 624
15. Funding available after providing for provincial commitments and roll-overs	**763 620**
16. Funds paid into PRF in 19/20 (funds part of provincial commitments)	3 293
17. Funding available after taking into account funds held in PRF	**766 913**
18. Add: 2019/20 Contingency Reserve	400 000
19. Provide funds to increase 2020/21 Contingency Reserve to R400m	97 755
20. Net financial position	**1 069 158**

Inkulumo yeSabelomali eyethulwe nguMphathiswa wezeziMali, uMhlonishwa uMnuz. R. R. Pillay, yethulwe mhla ka 26 Novemba 2019:
iSabelomali esiBuyekeziwe sika 2019/20